



SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI USHICILELO 181 • Novemba 2015

UNdunankulu uholo uhlelo lokulwa nomthelela wesomiso



UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Senzo Mchunu kanye nethima lakhe ngesikhathi behambele eJozini ngaphansi komkhandlu waseMkhanyakude ukuyobheka ukuthi sekuhanjwe kangakanani mayelana nezinhlelo zikaHulumeni wesiFundazwe saKwaZulu-Natali zokulwisana nomthelela wesomiso esikhungethe kuleli. **Isithombe: ZANDILE SHANGE**

Ukulwisana nalesimo, uHulumeni waqala ngokukhipha izigidi ezingaphezu kwamakhulu amathathu namashumi amahlanu nambili (R352.4 million) owazinikezela komasipala abathintekayo.

THAMI NGWENYA

NgolwesiThathu mhlaka ka 18 Novemba 2015, uNdunankulu uSenzo Mchunu, uhambele eJozini ngaphansi koMkhanyakude ukuyobheka ukuthi sekuhanjwe kangakanani ezinhlelweni zokulwisana nomthelela wesomiso osukhingathe isiFundazwe saKwaZulu-Natal. Lapha uMacingwane ubehola ithimba

loNgqongqoshe nezikhulu zikaHulumeni wase ebamba isithangami nemithombo ehlukene yabezindaba. IsiFundazwe saKwaZulu-Natal sihlaselwe isomiso esingezizima kunazo zonke esezike zabakhona eminyakeni engaphezu kwamashumi ayisishagalombili. Nyakenye ngo OKthoba,

uMnyango weCoGTA, okuyiwo obhekele izindaba zokuphatha ngokubambisana, wethula umbiko kwikhabhinethi mayelana nokwehla kwesimo sezimvula okwakucacisa ukuthi kungaholela esomisweni. UNdunankulu wabeseshicilela ukuthi iKwaZulu-Natal isesimweni esimanzonzo kuloludaba. UHulumeni wesiFundazwe wabe

usuxhumana noMnyango kaZwelonke obhekene nezindaba zamanzi nokuthuthwa kwendle, ukuba nawo ungenelele. Izinkomba zakombisa ukuthi kungabiza izigidi ezingamakhulu amane (R400 million) zamaRandi ukulwisana nalesimo ukuze kuhlinzekelwe abantu kanye nemfuyo ngamanzi. Loluhlelo luyaqhubeka kuzo zonke

izindawo ezithintekayo. Kuyimanje, ibalelwa ezinkulungwaneni ezingamashumi amane (40 000) imfuyo esishabalele ngenxa yalesomiso. Lokhu-ke kungaba nomthelela omubi kwezolimo kanye nezokuvakasha okuyimigodla yomnotho wesiFundazwe. **BHEKA IKHASI 3**

OKUNGAPHAKATHI



UNDUNANKULU UMCHUNU UHOLA UHLELO LOKULWA NOMTHELELA WESOMISO

IKHASI 3

NgolwesiThathu mhlaka ka 18 Novemba 2015, uNdunankulu uSenzo Mchunu, uhambele eJozini ngaphansi koMkhanyakude ukuyobheka ukuthi sekuhanjwe kangakanani ezinhlelweni zokulwisana nomthelela wesomiso osukhungathe isiFundazwe saKwaZulu-Natali.

UMNYANGO WEZOBUCIKO NAMASIKO UFAKE ISANDLA EZINHLELWENI ZOKUPHILISANA KWEMIPHAKATHI

IKHASI 5

UMnyango Wezobuciko Namasiko ngokubambisana neSouth African Hindu Maha Sabha (SAHMS) ebakhona minyaka yonke eyaziwa ngeDurban Diwali Festival kusukela ziyisithupha kuLwezi.

INGASE ITHUTHELWE EZINKANJINI ZIKAHULUMENI IMFUYO EBULAWA YISOMISO EMAKHAYA

IKHASI 6

Zingase zisale zikhala ibhungezi izibaya zabanini bemfuyo njengoba umNyango wezoLimo uhlongoza ukuthutha izinkomo ezisezindaweni zasemakhaya uziyise ezinkanjini zesikhashana ngenhloso yokugwema ukuthi zibhujiswe yisomiso esiqhubekayo nokudlanga ezinkalweni zaKwaZulu-Natali.

IGIDIGIDI KUGUJWA ISIGIDI SABADLA IMISHANGUZO

IKHASI 9

Kuqhume umkikizo nengoma ngesikhathi uNdunankulu waKwaZulu-Natal, uMnuz Senzo Mchunu noNgqongqoshe wezeMpilo uDkt Sibongiseni Dhlomo behambele eRichmond ukuzobungaza ukufika kwalesi sifundazwe esibalweni esiyisigidi sabadla imishanguzo yesandulela ngculazi.

UMPHAKATHI WASEMAKHABELENI EMVOTI USUNOGESI

IKHASI 12

Kuqopheke umlando endaweni yaseMakhabeleni eKranskop ngoMgqibelo ngenkathi uNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnumzane Senzo Mchunu ethula ugesi kumphakathi wendawo.

MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.

Ishicilelwa kabili ngenyanga.

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana nehhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma thami.ngwenya@kznpremier.gov.za.

Ithimba elihlanganise iphephandaba:

Umhleli omkhulu: Thamsanqa Ngwenya

Umhleli wezindaba: Regi Khumalo

Umhleli wamakhasi: Bonga Khoza


Abezithombe:

Zandile Shange no Yolanda Zondi

© KZN Provincial Government



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI



UNDUNANKULU UMCHUNU UHOLA UHLELO LOKULWA NOMTHELELA WESOMISO

UHulumeni akamile uyasebenza kanzima ukwakha futhi uvuselele ingqalasizinda edingekayo yamanzi ukuze isimo esinjengalesi singaphinde senze kubenzima ukubhekana nesomiso.

THAMI NGWENYA

UMchunu ekhuluma nabezindaba uthe, “isomiso yinto esingeke sayigwema ngoba ayenziwa umuntu.

Kodwa futhi ukuguquguquka kwesimo sezulu, kwenza kuye ngokubanzima ukuthola izimvula ezenele.

Yingakho njengoHulumeni senza konke okusemandleni ukubhekana ngqo nalesimo ukuze abantu bengazitholi besele dengwane.

Kodwa futhi kubalulekile ukuthi abantu bengabese bephundula lodaba lube yinto yezepolitiki.

Sonke kumele sibambisane ukuthola isixazululo esizosiza abantu.” uMchunu uqhube wathi, “kuzodingeka ukuthi sicabange ukuthi ezikhathini ezinjengalezi, yikuphi esingakwenza njengezwe ukwakha izinhlelo ezintsha eziyokwenza ukuthi singazitholi sibhekene nezimo ezinjengalezi

ngokuzayo. Lokhu kubiza ukuba senze izinto ngokuhlukile.”

Ukulwisana nalesimo, uHulumeni waqala ngokukhipha izigidi ezingaphezu kwamakhulu amathathu namashumi amahlanu nambili (R352.4 million) owazinikezela komasipala abathintekayo.

Loluhlelo luyaqhubeka njengoba abantu belethelwa amanzi ngezingqola ezithutha amanzi.

Izindawo ezikhahlamezeke kakhulu ilezi; uMkhanyakude, uThungulu, iLembe, Zululand, uMgungundlovu, Harry Gwala, uMzinyathi kanye noThukela.

UHulumeni akamile uyasebenza kanzima ukwakha futhi uvuselele ingqalasizinda edingekayo yamanzi ukuze isimo esinjengalesi singaphinde senze kubenzima ukubhekana nesomiso. Kuthe ngolwesiThathu, uHulumeni

wamemezela ukuthi uzohlinzeka ngezigididi eziyi khulu neshumi nane (R114 million) ukuhlinzeka ngokudla kwemfuyo ukuze kuhlengwe leyo engahleengeka kulesimo esinzima kangaka.

Konke lokhu kuyimizamo kaHulumeni ukuhlenga isimo futhi wenze izimpilo zabantu besiFundazwe sibengcono.

UNDunankulu ubese enxusa umphakathi ukuba wonge amanzi. Uphinde wagcizelela ukuthi akumele bese bevala imigwaqo beshise nempahla ngenxa yokungabi namanzi.

Ukugcizelele ukuthi uHulumeni uyohlala njalo ulalela ukuthi abantu bathini, nawo uHulumeni bese ngokubambisana nomphakathi, wenze okufanele ngokusemandleni awo ukulungisa isimo.

Umzabalazo wokuthuthukisa isiFundazwe nezwe lakithi,



UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Senzo Mchunu ekhuluma nabezindaba. **Isithombe: Zandile Shange**

uyaqhubeka futhi imiphumela iyabonakala. Noma kungeke kwenziwa konke ngesikhathi esisodwa, kodwa inqubekela phambi ayisoze yaphikwa. Uphinde wanxusa amaKhansela ukuba

ehlale njalo azisa umphakathi ngesimo esibhekene naso kanjalo nezinguquko ekulethweni kwamanzi ukuze nawo umphakathi uhlale uzilungiselele.



KZN Provincial Communications_2015

SILWA NOMTHELELA WESOMISO

IsiFundazwe saKwaZulu-Natal sihlaselwe isomiso esingezinzima kunazo zonke esezike zabakhona eminyakeni engaphezu kwamashumi ayisishagalombili.

Ngiyaninxusa mphakathi waKwaZulu-Natal ukuba songe amanzi.



“SIDIDIYELA INQUBEKELA PHAMBILI ESESIYUZILE, NOKUKHUPHULA IZINGA UKUZUZA IZINGUQUKO KWEZENHLALO NEZOMNOTHO UKUZE SIQEDE **INDLALA** KULESI SIKHATHI SAMANJE”



Undunakhulu waKwaZulu-Natal umnu Senzo Mchunu ebevakashele iAl-imdaad Foundation yeGarden community project Estcourt abaghiqizi bezitshalo. ICEO UMnu bavumelene noMchunu ukusebenzisana ekukhiqizeni izitshalo eziningi ukuze zidayiswe khona zizokhuphula umnoto wala eKZN. Undunakhulu uhumbe kule ngadi yase Al-imdaad ebeka imisebenzi yabo emihle. iAl-imdaad Garden Project isiseze umphakathi ngezindlela eziningi, yakha imisebenzi lokhu kwehlisa izinga lomughebhengu kulendawo. **Isithombe: YOLANDA ZONDI**

UNDUNANKULU WAKWAZULU NATAL UVAKASHELE INGADI EYINGQAYIZIVELE EMTSHEZI

Inhlangano i-Al-Imdaad Foundation kwathi ngonyaka ka 2011 yaxhumana noMasipala waseMtshezi ukuze kusetshenziswe umhlaba owawuzihlalele ungasetshenziswa.

MAHLATHI TEMBE

Njengengxenywe yohlelo luka Operation Sukuma Sakhe uNdunankulu waKwaZulu-Natal umnumzane Senzo Mchunu uhambele uMasipala waseMbabazane ephelezelwa isiGungu sakhe soNgqongqoshe. Ohambeni lwakhe uvakashele izingadi eziseMtshezi ezasungulwa ngokubambisana phakathi kukaMasipala waseMtshezi, inhlangano ezimele i-Al Imdaad Foundation kanye ne FNB Islamic Finance. Ukusungulwa kwalengadi edume ngokuthi i-Al- Imdaad Foundation

Community Garden Project kuqondwe ngakho ukulwa nobubha obuhlasele idolobha laseMtshezi (Estcourt). Lengadi seyenze umehluko omkhulu ekushintsheni izimpilo zomphakathi ezabe zincishwe amathuba ngezikhathi zobandlululo. Inhlangano i-Al-Imdaad Foundation kwathi ngonyaka ka 2011 yaxhumana noMasipala waseMtshezi ukuze kusetshenziswe umhlaba owawuzihlalele ungasetshenziswa. Emva kwalokho kwenziwa

isivumelwano ukuba kusungulwe lengadi encike emfuleni owaziwa ngokuthi iBushman river, okwenza ukuba uma kuniselwa kungabi inkinga. Njengamanje sekuqashwe umphakathi wendawo obalelwa emashumini amathathu nantathu osebenza kulengadi. Lengadi kumanjenje isikwazi ukukhiqiza izithelo kanye namaveje okudliwa umphakathi owakhe eduzane naseMtshezi kanti kubuye kudayiselwe nezitolo zaseMtshezi. Loluhlelo luhambisana nenqubo ka Operation Sukuma Sakhe

ekhuthaza ukuba umphakathi ufunde ukuba uzimele futhi ukwazi ukuthuthukisa labo abangenawo amandla okuzimela kanye nokudlulisa ulwazi emphakathini ukuba ufunde ukuziqalela eyabo ingadi. Lengadi isibe nedumela elikhulu ngoba uMnyango wezolimo usunxuse ukuba kufundiswe abantu izindlela zokusungulwa kwezingadi zohlobo lwe-organic farming. UNDunankulu waKwaZulu-Natal umnumzane Senzo Mchunu uhlababele umxhele ngalengadi

wathi okumjabulisa kakhulu ukuthi umphakathi wendawo uyathuthukiswa. Uqhube wathi uHulumeni wakhe uhlela ukuba usayinde isivumelwano (MOU) nalenhlangano ukuze kusungulwe izingadi ezifuze loluhlobo nakwezinye izindawo. Uthe loluhlobo lwengadi kuyacaca ukuthi luzishintshile izimpilo zomphakathi ontulayo.



SIYAQHUBA!

sisemkhankasweni **wokuguqula**
izimpilo zabantu

"CONSOLIDATING PROGRESS WE HAVE MADE, AND STEPPING UP THE PACE TO ACHIEVE RADICAL SOCIO-ECONOMIC TRANSFORMATION TO END **POVERTY** IN OUR LIFETIME"

UMNYANGO WEZOBUCIKO NAMASIKO UFAKE ISANDLA EZINHLELWENI ZOKUPHILISANA KWEMIPHAKATHI

Uhlelo i-Durban Diwali Festival, luqale nge-Float Procession lapho kuhlangana izinhlobonhlobo zamaHindu zihambe zicula, zidansa zibukisa ngemifanekiso yazo.

SIFAKAZISO MAPHUMULO

UMnyango Wezobuciko Namasiko ngokubambisana neSouth African Hindu Maha Sabha (SAHMS) ebakhona minyaka yonke eyaziwa ngeDurban Diwali Festival kusukela ziyisithupha kuLwezi.

Lomcimbi wezinsuku ezintathu ububanjelwe e-Old Durban Drive-Drive In, eThekwini unikeze abaculi bendawo ithuba lokuveza ikhono labo enkundleni exube osaziwayo bezomuculo.

Lokhu kwandise amathuba okuthuthukiswa kanye nokukhuliswa kwalabo abasafufusa. Ukubanjwa kwalomcimbi bekuhambisana nomgubo weminyaka eyi100 kwasungulwa inhlangano eyaziwa ngokuthi iSouth African Hindu Maha Sabha (SAHMS).

Ukubakhona kwalomcimbi kuhlomulise abaningi njengoba uvule amathuba aliniganiselwa ekhulwini, kwimisebenzi yabaculi, osomabhizinisi kanye nabahlinzeki abahlukahlukene.

Lomcimbi ubuvakashelwe izihambe kanye nomphakathi olinganiselwa ku-5 000 wabantu abavela emiphakathini eyahlukahlukene.

Uhlelo i-Durban Diwali Festival, luqale nge-Float Procession lapho kuhlangana izinhlobonhlobo



zamaHindu zihambe zicula, zidansa zibukisa ngemifanekiso yazo. Kulonyaka njengenhlanga yenza isukele ePrince Edward street (Dkt Goonam Rd) enkabeni yeTheku yazeyafika e-Old Durban Drive In. Bekunezitolo ezahlukahlukene kusuka ezingubeni, ukudla, ubucwebe kanye namabhizinisi akhangisayo ngohwebo lwabo.

Ngaphezu kwalokhu bekunabanandisi bezinhlanga

ezahlukene bebenandisa khona imini yonke.

Imidlalo eyahlukene lapho intsha ekade igcwele khona idlala kuyona lemidlalo kubalwa amaRollerCoaster kanye neminye yesimanje manje, lomcimbi awugcinanga lapho njengoba ebusuku bekukhona nomubukiso wezikwebisi ohambisana nomthandazo wokucela izibusiso nonyaka omuhle. Izinga lalomcimbi beliphezulu

njengoba bekubalwa iziteshi ezimbili zemisakazo ezinkulu emphakathini yabamaHindu kuleziteshi kubalwa iLotus Fm kanye neRadio Hindvani.

Ngomgqibelo iDurban Music School kanye noMnyango Wezobuciko Namasiko babungaze umcimbi weminyaka yonke owaziwa ngeDurban Music School Street Festival oqale ekuseni njengengxenywe yokugubha unyaka weshumi nambili wasungulwa.

Lomcimbi ubunezigaba ezimbili njengoba bekunomncintiswano wamaChoir obubanjelwe e-YMCA, bekunamaqembu amathathu iDurban Y Art, Open Air High School neChristian Secondary School. Imiklomelo yalomncintiswano kulindeleke ukuthi ikhishwe kuma National Choral Music Awards (NACAMA) mhlazi-6 kuDecember 2015.

Kwabekade benandisa kubalwa kubo iNorweigin Jazz Band edabuka phesheya.

Isigaba sesibili seStreet Festival besibanjelwe emgwaqweni, ngenxa yobukhulu nohlonzo lalomcimbi, bekuvalwe umgwaqo i-Diakonia Avenue kugcwele umphakathi obuzothamela izinhlobo nhlobo zomculo kanye nobumnandi obukhona.

Kubathameli bosuku bekukhona uMama uGcina Mhlophe kanye nezikole zaseThekwini.

Kubanandisi bosuku bekubalwa kubo iHOH dance group ebinandisa ngomasikandi, iqembu leDurban Music School Brass Band nayo inandisile ngemizwili eseqophelweni eliphezulu kanye neQuattro Femme ejabulise wonke umuntu njengoba ibinandisa ngohlobo lomculo ongajweyelekile wamaViolin.

Wemukelwe ngelikhulu isasasa uNgqongqoshe uPillay kuMasipala weNdawo iMbabazane

SANE KHUMALO-MBHENSE

Umphakathi waseMandabeni eLoskop kuWadi 9 ube nenkulu injabulo lapho wamukele khona uNgqongqoshe Wezokuhlaliswa Kwabantu kanye NezeMisebenzi yoMphakathi, uMnu Ravi Pillay iLungu lesiShayamthetho sesiFundazwe ngenkathi kunomkhankaso wesiFundazwe i-Operation Sukuma Sakhe.

UNgqongqoshe Pillay uvakashele le ndawo engaphansi kukaMasipala weNdawo iMbabazane esiFundeni uThukela mhla zingama-28 kuMfumfu wezi-2015 ukuze axoxisane nomphakathi maqondana neSandulelangculazi neNgculazi, ububha nokuqedwa kwako kanye nokuthi umphakathi uhlomula kanjani emisebenzini kaHulumeni.

UWadi 9 ungelinye lamaWadi ayi-13 angaphansi kukaMasipala weNdawo iMbabazane ezintabeni zoKhahlamba kanti wakhelwe abantu abalinganiselwa ku-10 334.

UMnu Pillay ubephelezela iSekela leMeya kaMasipala wesiFunda uThukela, uMnu Mchunu, uMnu Skhumbuzo Gumede, iNhloko yeHhovisi likaNgqongqoshe kanye nabanye abasebenzi kanjalo namaKhansela amaWadi.

Uhambo losuku luqale ngokuthi kuvakashelwe umtholampilo Injisuthi esetshenziswa umphakathi wakuWadi 8 kuya kuWadi 12, lapho amabombo abe eselibhekisa emklamweni weNhlangano engenzi inzuzo ebizwa ngeThembalethu Care Organization ebhekele ukubhekana nezidingo zomphakathi. UNgqongqoshe uncome umphakathi kodwa ngokukhethekile labo ababemele izinhlangano ezizinikele zale miklamo emibili, Injisuthi Clinic kanye neThembalethu Organization ngokwenza umsebenzi oncomekayo.

Ekusabeleni kwikhwelo likaHulumeni maqondana noMkhankaso iSiyahlola, uNgqongqoshe kanye nethimba lakhe lIbe selivakashela uNksz Victoria Mkhonza, ongomunye wabahlali okwabikwa ukuthi indlu yakhe ayikho esimweni esigculisayo. UMnu Pillay uzibophezele ngokuthi indlu kaNksz Mkhonza izobekwa eqhulwini njengalokhu kuyisimo esiphuthumayo futhi izolungiswa ngokoHlelo i-Operation Sukuma Sakhe. Usuku luphethwe ngokuthi umphakathi ubuthane eHholo

lumphakathi Emandabeni ebe ligcwele phama abahlali abangaphezu kwama- 500 lapho obuxoxisana neThimba likaNgqongqoshe maqondana nezinkinga umphakathi obhekene nazo. Emazwini akhe okunanela, uNgqongqoshe ubonge umphakathi ngokusebenzisana nabaholi bawo. Ube esethi, kuhlale kuyintokozo ukuza emphakathini ohleleke ngale ndlela, onentshisekelo futhi okuhle kakhulu onabaholi abakhaliphile.

Uqhubeka wagqugquzela intsha ukuba ifunde, ngokuthi athi ingalokothi imfundo iyishaye indiva, abantu bangakuphuca yonke into onayo kodwa angeke bakuphuca imfundo yakho. Wabe esethembisa ukuthi izikhalo zabo uzozudlulisela emigudwini efanele.

Emazwini okuphetha, iKhansela leWadi uMlangeni wazwakalisa amazwi okubonga maqondana naluluya suku, wathi, uSuku lwe-OSS luyasiza impela ngoba umphakathi ukwazi ukuxoxisana nekhabinethi, ifisa ukuthi zonke izinsuku kuhlale kuwuSuku lwe-OSS ukuze zizwakale izikhalo zabantu. Waqhubeka wathi, ukufika kukaNgqongqoshe Pillay endaweni yabo kulethe ithemba



Kusuka kwesokunxele kuya kwesokudla ngezansi: IKhansela leWadi u Mnu VC Mlangeni, uNgqongqoshe Ravi Pillay, iMenenja Yezokwenziwa Komsebenzi; uNk Geetha Ganes kanye Sista Slindile Nkandi.

Isithombe: **SIBONGILE DLANGALALA**

umphakathini wabo ikakhulukazi ngokumaqondana nezindaba zezindlu. Ukuhanjiswa kwezinsiza emphakathini kusalokhu kuyindaba ebanga uhlevane emiphakathini eminingi. Nakuba-ke umuntuu kufanele ashayelwe ihlombe lapho kumfanele. I-Operation Sukuma

Sakhe esiFundazweni saKwaZulu-Natali ibe yinsika ekusuleni izinyembezi zabantu maqondana nokuqedwa kobubha kanye nokungabibikho kwamathuba omsebenzi. Impela lokhu kuchaza ukuhleleka nokusimama komphakathi.



UMphathiswa wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, uMnu. Cyril Xaba ebikela umphakathi wabafuyi eMsinga ngohlelo lukahulumeni lokuvula izinkambi zesikhashana lapho kuzogcinwa khona imfuyo yabo ngenhloso yokugwema ukuthi ibhujiswe yisomiso esihlasele iKwaZulu-Natali.

INGASE ITHUTHELWE EZINKANJINI ZIKAHULUMENI IMFUYO EBULAWA YISOMISO EMAKHAYA

Umfula uMfolozi nawo ushile kanti nezilwane zaseziqiwini seziqalile ukufa ngenxa yalesi somiso. Sekuyisikhathi sokuthi sibambaneni ngezandla ukuze sibhekane nalesi somiso.

BUYANIMA-AFRIKA MKHULISE & BRENDA MQWAMBI

Zingase zisale zikhala ibhungezi izibaya zabanini bemfuyo njengoba umNyango wezoLimo uhlongoza ukuthutha izinkomo ezisezindaweni zasemakhaya uziyise ezinkanjinini zesikhashana ngenhloso yokugwema ukuthi zibhujiswe yisomiso esiqhubekayo nokudlanga ezinkalweni zaKwaZulu-Natali.

UMphathiswa wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, uMnu Cyril Xaba, utshele abanini bemfuyo emhlanganweni obubanjelwe ehholo lasebaThenjini eMsinga ukuthi umNyango ngokubambisana noNgqongqoshe kaZwelonke wezoLimo, uMnu. Gugile Nkwinti sebehlonze umhlaba ongamahektha angu 62 wezigidi eziFundeni ezine KwaZulu-Natali lapho kuzogcinwa khona imfuyo ngenhloso yokuthi ikhuluphaliswe ukuze yenze imali engcono uma abafuyi sebefuna

ukuyidayisa. UXaba obehambele lendawo ngempelasonto edlule ngokubambisana neMeya yoMasipala waseMsinga, Dkt Felinkosi Sikhakhane kanye neNkosi yabaThembu, uSiphamandla Mthembu.

Ugqugquzele abafuyi ukuba badayise izinkomo zabo ukuze bazigcine njengemali ebhange kunokuba bazibuke zicekeleka phansi zonke ngenxa yesomiso.

Izangoma zezulu zikhiphe umbiko owethuse kakhulu njengoba zibeke ukuthi ngeke lisana izulu kuze kube nguMashi wonyaka ozayo.

Abalimi nabafuyi nomphakathi wonke ufisa sengathi imvelo ingenza okuhlukile kunemibiko kwenzake noma ngabe isimangalisu kune imvula eyenele njengoba wonke umuntu azi ukuthi imvela isebenza ngendlela yayo.

“Lesi somiso sisizumile sonke. Besibona ukuthi kunesomiso kepha besingazelele ukuthi sizoba ngesinzima kangaka. Ngikhuluma nje izigayo zomoba eMzikhulu,

eDarnall naseMatigulu sezivaliwe. Amadamu amanzi ebesehembele kuwo asephenduke izinkundla okungadlala kuzo abafana ibhola ngenxa yesomiso esiqhubekayo,”kusho uXaba.

UXaba utshele abanini bemfuyo ukuthi akuyibo bodwa okumele bazame amanye amaqhinga okubhekana nesomiso njengoba ngisho nezinhlelo zabalimi zokutshala zalo nyaka zingeke zisaqhubeka njengoba kwakuhleliwe ngenxa yokusha kwemifula.

“Umfula uMfolozi nawo ushile kanti nezilwane zaseziqiwini seziqalile ukufa ngenxa yalesi somiso. Sekuyisikhathi sokuthi sibambaneni ngezandla ukuze sibhekane nalesi somiso.

Lesi simo asidalwa yipolitiki kepha sidalwa yimvelo futhi akekho angasolwa ngalokhu,” kubalula uXaba.

Uqhube wathi uhulumeni wesiFundazwe usuhlinzeke isamba semali esingu R2.6 billion

ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi lezi zinkambi zesikhashana ezizokwakhiwa emhlabeni kahulumeni zihlinzekwa ngazo zonke izidingo-ngqangi zokunakekela imfuyo ezifana ncingo lokubiya, amanzi, ukudla kanye nemithi.

“UHulumeni uhlongoza ukulekela abafuyi ukuthi bakhe inzuzo uma beyodayisa izinkomo zabo ezindalini ngokuhlinzeka zonke izidingo kulezi zinkambi zemfuyo ezine.

Inhloso ukuthi zibe yindawo lapho izinkomo zizokhuluphaliswa khona okwesikhasana ngaphambi kokuba ziyodayiswa”, kusho uXaba.

UXaba unxuse abafuyi ukuthi mabaqale bekhetha izinkomo abazoziyisa ezinkambini eziseduze nabo waphinda wabacebisa ukuthi ukudayisa imfuyo yabo akusho ukuthi bayayilahla kepha wathi kungukuyivikela ekutheni ibhuqabhuqwe isomiso.

“Uma uyidayisile nemali oyitholayo ngayo uyibeka ebhange

uzokwazi ukuthi uphinde uzithengele izithole uphinde uqale phansi ufuye uma isomiso sesidlulile kunokuba uyigcine esibayeni uyibuke ifa yonke ungazuzi ngisho isenti ngayo,” kuchaza uXaba.

IKwaZulu-Natali iyona eshayeke kakhulu ngenxa yesomiso uma iqhathaniswa nezinye iziFundazwe eNingizimu Afrika kanti indawo yaseMsinga ingezinye zezindawo ezibalwa njengezikhahlamezeke kakhulu ngenxa yokuthi ibivele intula amanzi ngaphambi kokuba kube nesomiso nosekwenze lande kakhulu inani lemfuyo efayo kulendawo.

Ukuhambela komNyango endaweni yaseMsinga kulesisikhathi esinzima kanjena esibhekene nabalimi kanye nabafuyi sibuyise ithemba sakhombisa nokuzinikela kukahulumeni ukusizana nomphakathi simweni obhekene naso.



“SIDIDIYELA

INQUBEKELA PHAMBILI ESESIYIZUZILE,

NOKUKHUPHULA IZINGA UKUZUZA IZINGUQUKO KWEZENHLALO NEZOMNOTHO

UKUZE SIQEDE **INDLALA** KULESI SIKHATHI SAMANJE”

KUBASEBENZELE UKULINDA IMINYAKA OHLELWENI LOKUNXESHEZELWA NGOKULAHLEKELWA KWEMIHLABA

Lemindeni iyizizukulwane zalabo abasuswa ezindaweni zabo eCato Manor baya kolahlwa ezindaweni ezahlukene. Ukususwa kwabo kwakuncike kakhulu nemithetho ekhuthaza ukucwaswa ngobuhlanga.

MBONGENI HLOPHE

zinyembezi zenjabulo kulabo ababefake izicelo zokunxeshezela ngokulahlekelwa yimihlaba yabo zigeleze ukusuka eThekwini namaphethelo zaye zayophelela ezihosheni zaseFafa nase Harding ngesikhathi iKhomishani ebhekene nezindaba zoMhlaba KwaZulu-Natal ikhipha imali engaphezulu kuka R22,5 wezigidi wezinxephezelo. Emva kokulinda isikhathi esingaphezulu kweminyaka engu 15 ukuthi iKhomishani ikhiphe isinqumo ngezicelo zabo, intambama yangoLwesibili mhlaka 3 kuNovember 2015 ibe ngengena emlandweni emindenini engu 22 evela ezindaweni ezahlukene zesiFundazwe njengoba iKhomishani ibibamemele ehholo lase ICC eThekwini ukuthi beze kokwamukela izinxephezelo zabo obesekuphele iminyaka belindile. Lemindeni iyizizukulwane zalabo abasuswa ezindaweni zabo eCato Manor baya kolahlwa ezindaweni ezahlukene. Ukususwa kwalemiphakathi kwakuncike kakhulu nemithetho ekhuthaza ukucwaswa ngobuhlanga. Ngesikhathi uhulumeni wobandlululo uthatha isinqumo sokuhlakaza umphakathi

wakwaKito owabe uhlala ngokungabandlululani ngokobuhlanga, wathatha isinqumo sokuthi abaMnyama abangamaZulu mabaye kohlala elokishini laKwaMashu naseChesterville, abahlanga lwaseNdiya bona aya kolahlwa ezinkalweni zase Chatworth, eNingizimu yeTheku kanti labo okwakubonakala sengathi banomthethelela wokuhlobana namaXhosa bona baye baya kolahlwa ezigodini ezahlukene zase Harding, kwelamaBhaca ngoba kuthiwa akufanele bahlale ngokuxubana namaZulu. Ekhumla kulomcimbi wokukhishwa kwalezinxephezelo uNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya KwaZu-Natal uMnuz Cyril Xaba ubonge kakhulu labo abamele lemindeni ngokubekezela kwabo belinde iKhomishani ukuthi iqede ngomsebenzi wayo njengoba bekunesidingo sokuthi isicelo ngasinye sicutshungulwe ngazo zonke izindlela ezibekwe emthethweni kuqinisekiswa ukuthi siyahambisana yini nokunxeshezela njengoba iKhomishani ibibhekene nezindathane zezicelo, iningi lazo okuvele ukuthi ubufakazi

obuhambisana nazo kabanele. Ukungapheleli kwemininingwane ehambisanayo ngenye yezizathu zokuba loluhlelo lugcine seluthathe iminyaka eminingi ngaphambi kokuba imiphakathi eyahlukumezeka ithole ukunxeshezela. “Ngithanda ukukubeka kucace ukuthi kulabo abangagculisekile ngokuchithwa noma ukungaphumeleli kwezicelo zabo, basenalo ithuba lokufaka izicelo zokuthi zabo zibhekwe kabusha (review) noma bazifake kabusha njengoba iKhomishani isematasatasa ibhalisa labo abebesale ngephuthatha ngesikhathi iKhamishani ivala ukufakwa kwezicelo eminyakeni eyishumi eyedlule,”kusho uXaba. Njengamanje iKhomishani ebhekene nezindaba zokubuyiswa komhlaba ihambela izingxenye ezahlukene kuZwelonke iqoqa izicelo zezinxephezelo emva kokuthi uMongameli Jacob Zuma ememezele ukuthi uhulumeni uthathe isinqumo sokuthi labo ababesale ngaphandle bathole ithuba elisha kuze kuvalwe ngonyaka ka 2017. Emva kokukhishwa kwalezinxephezelo, lowo okhulumele abaMnyama abahlomulile kuloluhlelo uMnuz



Kusukela kwesobunxele uKhomishana kaZwelonke kwezokbuyiswa kwemihlaba Ms uNomfundo Nhloko Gobodo, UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya uMnumzane Cyril Xaba, uMr Mlungisi Ndhela omunye wabahlali othole izinxephezelo, kube uSomlomo wekumasipal we uKhansele Loggie Naidoo kanye nenhloko yomNyango wezokuThuthukiswa kwezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya uDr Sipiwe Mkhize ngesikhathi benikwa izinxephezelo ngomhlaba owabalahlakela

Mlungisi Ndlela uveze ukuthi lemali engu R110 000 uzoyisebenzisela ukufeza imicimbi ehlobene nokudlula kwabazali bakhe emhlabeni njengoba ekholwa wukuthi iyona ndlela engabajabulisa ngayo abanikazi bayo ababehlala kulendawo, bagcina ngokuhlukumezeka bexoshwa. “Ngingabe kangenzi ubulungiswa uma ngingathatha

lemali ngiyisebenzisela izidingo zami ekubeni ngazi kahle ukuthi bakhona abanikazi bomhlaba owadliwayo. Lemali ngizofeza ngayo yonke imicimbi eqondene nokudlula kwabazali bami emhlabeni ukuze ngiqinisekise ukuthi izobe ibuyela kubanikazi bayo,”kusho uMnuz Ndlela.

Selushayelwe izindla uhlelo lwezolimo oluqhubekayo lokusabalaliswa kogandaganda kubalimi

Yize isiFundazwe saKwaZulu-Natal sibalwa kwezintantu ezweni ezikhungethwe yisomiso esihlasimulisa umzimba, abalimi basezigodini ezahlukene zaseMzimkhulu eNingizimu yesiFundazwe bathathe isinqumo sokuthi bangapheli amandla, kepha bahlabele phambili nezinhlelo zabo zokulima. Loku kugqame ngesonto eledlule emcimbinini obe yindumezulu lapho uMnyango weZolimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya unikele ngogandaganda abazosetshenziswa ngamalunga emifelandawonye emihlanu ezimisele ngokushaya indiva isomiso ihlabele phambili nezinhlelo zayo zezolimo. Lemifelandawonye inamalunga angu 395 okuyiwo ahlomulile kuloluhlelo lokwethulwa kwezinsiza zokusebenza okubadakanya ogangandaganda abayishumi, amageja angamashumi ababili, izibhuqu ezingamashumi ababili, izitshali ezingamashumi ababili kanye nomishini emibili yokuchela amakhemikhali emasimini. Ukwethulwa kwaloluhlelo kube wumphumela wokubambisana phakathi komNyango neMasibambisane ewuphiko lwenkampani yomshuwalense iOld Mutual yona ekhiphe ugandaganga owodwa, igeja lokulima elilodwa kanye nenqola yokuthwala



Kusukela kwesobunxele inkosi Phathasizwe Chiliza, Inkosi, Isikhulu esiphezulu seMasisizane Fund uMnumzane Simphiwe Somdyala, imeya ysiFunda iHarry Gwala uHarry Gwala Clrr Mluleki Ndobe ngesikhathi kusayinwa isivumelwano sokusebenzisana phakathi komNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya neMasisizane Fund, uNgqongqoshe womNyango uMnz Cyril Xaba esayina isheke lika R34 Million. **Isthombe: MBUYISELO NDLOVU**

izimpahla zokulima. Konke lokhu kubhekeke ukuba kusize abalimi ukuze bawenze umsebenzi ngaphandle ngokubhekana nezinsalelo ngezinsizakusebenza. Ekhumla kulendumezulu yomcimbi uNgqongqoshe wezoLimo KwaZulu-Natal uMnuz Cyril Xaba ushumayele ivangeli elishumayelwa wuhulumeni kazwelonke wokuthi kufanele imiphakathi isebenze ngokubambisana ekongweni kwamanzi njengoba kudlange isomiso esiFundazweni. “Kodwa loku akusho ukuthi kufanele kumiwe ekusebenzeni

imisebenzi yokulima, yiko nje ukuthi kufanele sisebenze ngokubambisana sithole izindlela eziphusile zokubhekana nesomiso,” kusho uMnuz Xaba. UXaba uphinde wagcizelela ukuthi imifelandawonye kumele iphokophelele ukwenza inzuzo ngemisebenzi yayo. Ube esechaza ngokunaba kwezolimo njengebhizinisi elinemikhakha eyahlukene imifelandawonye engagxala kuyona ngokwahlukana kwayo. Uphinde wakusho ahleze ekuchazela imiphakathi ezimbandakanya kwezolimo ukuthi umNyango usebenzela ekufukoleni

abalimi bayekwelinye izinga, okuyizinga lokuhweba emazingeni ehlukeni. Ucwangingo lukhomba ukuthi isiFundazwe saKwaZulu-Natal singezinye ezintathu ezweni ezishayeke kakhulu ngenxa yesomiso njengoba izinga lokugcwala kwamadamu selehle kwamanye amadamu lingaphansi kwamaphesenti angamashumi amathathu. Lokhu kukhombisa ngokusobala inselelo abalimi ababhekene nayo emsebenzini wabo wansukuzonke njengoba uncike kakhulu emanzini anele. Isimo esinjengalesi sagcinwa kulelizwe ngaphezu kweminyaka engamashumi amathathu edlule. Umphathi omkhulu wabeluleki babalimi eMzimkhulu uMnuz Bonginkosi Zondo ophinde abe uchwepheshe kwezolimo uchaze izinhlelo zeminyaka emibili elandelayo ezokwenzeka kulomsebenzi. Uveze ukuthi amasimu angamahektha angu 1500 azotshalwa ubhontshisi kanye nesoya iminyaka emibili ilandelana bese kutshalwa ummbila. Uqinisekisile ukuthi ukulima kulendawo kuzothatha elinye igxathu ngenxa yezinsiza ezifakwe umNyango kulomsebenzi. UZondo uphinde waqinisekisa umphakathi ngendlela yokusebenzisa ogandaganda, ikakhulukazi ukuthi abahulumeni. Akekho umuntu okulindeleke

akhokhe ukuze athole lolusizo. Uphinde wagcizelela ukuthi usizo lwabeluleki luhleze lukhona ukusiza imisebenzi yezolimo eqhubekayo kanti nalo futhi lolusizo lufika ngaphandle kokukhokhelwa. Okucacile enkulumeni kaZondo ukuthi sewuhlelelwe kahle lomsebenzi njengoba ngokwezinhlelo zabo eseziqinisekisiwe, amasimu ommbila wona ayotshalwa ngonyaka ka 2018 okuzoqondana nokuqedwa kokwakhiwa kwesigayo sempuphu kanye neminye imikhiziqo yommbila. “Lomshini kuyafana nokuthi kuzobe kukangowabalimi uqobo lwabo lapho bezobe besebenzisa umbila oqhamuka emasimini abo akhona lapha eMzimkhulu,” kusho uMnuz Zondo. Njengamje amasimu angamahektha angu 300 asevele alindele ukuqokebulwa yibo labo gandaganda abethulwe ngesonto eledlule. “Amasimu esibheke ukuthi siqale ngawo yilawo abekade evele elinyiwe okuyiwo angekek asinikeze izinkinga eziningi njengoba sisabhekene nesomiso. Lawa amanye amahektha wona azosiphoka ukuthi silinde imikhizwana yemvula njengoba kusazofunela ukuthi aqathwe njengoba esenesikhathi eside agcina ukulinywa,” kusho uZondo.



Ucwaningo ludlala indima enkulu emNyangweni wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya, uDr Themba Sikhakhane ethula inkulo yakhe ngesikhathi kuqhubeka ingqungquthela yososayensi bomNyango yaminyaka yonke ebibanjelwe eMgungundlovu.

Isthombe: **MBUYISELO NDLOVU**

UMNYANGO WEZOLIMO UBAMBE INGQUNGQUTHELA YEZINCITHABUCHOPHO ZODOKOTELA

Ukuhlangana ngalolu hlobo kongoti akugcini nje ngokuthuthukisa umkhakha wesayensi yezolimo eKZN kodwa kusiza nemiphakathi.

XOLISWA MNGUNI

Odokotela bezilwane bomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natal babambe inguyazane yokubhunga ngezingqinamba ezibhekene nabo esiFundazweni.

Lo mhlango ubusemahhovisi wezoLimo eAllerton Laboratory eMgungundlovu.

Okunye obekudingidwa ngodokotela yimiphumela yocwaningo obelwenziwa kuzo zonke iziteshi zomNyango eKwaZulu Natali.

Isiteshi socwaningo i-Allerton Veterinary Services yisona sitheshi esidala esidlula wonke amalabhorethri esiFundazweni. Iminyaka yalesi sitheshi ibalelwa eminyakeni engu 118, kanti yisona sitheshi esidala ukudlula zonke iziteshi ezikhona emNyangweni wezolimo iNingizimu Africa yonkana.

Lesi sitheshi sigxile kakhulu ekusizeni abafuyi ngokucubungula

kabanzi izifo eziphethe imfuyo, baphinde banikezele ngolwazi lokuthi abafuyi bayinakekele kanjani imfuyo yabo nokuthi bayivikele kanjani.

Lolu suku olubizwa nge-Allerton Lab open day luhlanganise odokotela abangaphezu kwamashumi ayisithupha.

Lo mhlango wodokotela waqalwa ngonyaka ka 2009, kusuka ngalowo nyaka odokotela bathatha igxathu lokwenza lo mhlango ukube oweminyaka yonke ukuze njalo kubhekwe ukuthi yikuphi okusha okutholakele kulo lonke ucwaningo obelwenziwa.

Lokhu kwenza odokotela bakwazi ukukhulisana ngolwazi lwakamumva kwezobuchwepheshe minyaka yonke. Lolu suku kulapho khona odokotela bezilwane kanye nososayensi abaqhamuka kuyona yonke indawo bezocobelelana ngolwazi lokucutshungulwa kwezifo abazithola emfuyweni kanye nangezindlela

abangathuthukisa ngayo indlela yokusebenza emphakathini.

Lesi sikhungo sisiza umphakathi ekucwaningeni izifo ezikhona ezihlukumeza izilwane kanti baphinde basize ekuvimbeni izifo ezibhebhethekile ezilwaneni, bahlola ngisho nokudla ukuthi kukulungele yini ukusetshenziswa ngabantu noma izilwane.

Lesisikhungo siphinde siluleke nabafundi bezikole nezikhungo eziphakeme ngolwazi lwemikhakha ehlukeneyo kanye nangocwaningo kulabobafundi asebevele seengenile emkhakheni wokwelashwa kwezilwane.

Kubalulekile kakhulu ukuthi ongoti abasebenza ngezilwane bahlale bezithuthukisa ngolwazi futhi bathole izindlela ezintsha zokwelapha, ukugoma nokuphatha izilwane.

UDkt Caryn Shacklock, ongudokotela wezilwane ozinze e-Allerton, uthe ukuhlangana kwabo kufike esikhathini lapho kusemqoka kakhulu ukuqoqa ulwazi njengoba

sanda isibalo sezifo ezihlasela imfuyo, izitshalo ngisho nabantu imbala. Ukuhlobana kwezifo ezikhungethe izilwane kumele kuhlale kubhekwa futhi kuhlale kuqashiwe ukuthi azibi nawo umthelela kubantu ikakhulukazi izilwane lezo ezidliwayo njengezinkomo, izinkukhu, izimbuzi nezimvu ukubalwa nje okumbalwa.

“Inhloso yokuhlangana ndawonye njengodokotela abahlukahlukeneyo ukuthi kube nokuxhumana okuvulelekile phakathi kodokotela bezilwane kanye nabacubunguli bezesayensi ukuze sisizane ngolwazi esinalo kanye nokuthola izixazululo zezifo ezikhona ezilwaneni”, kusho uDkt Shacklock.

Ukuhlangana ngalolu hlobo kongoti akugcini nje ngokuthuthukisa umkhakha wesayensi yezolimo eKZN kodwa kusiza nemiphakathi.

Kukuyo imibuthano enjengalena lapho kuphuma khona izindlela ezithuthukile nezintsha zokusiza imiphakathi ukuthi ithole izinsiza

ezifanele futhi ezisezingeni eliphezulu.

Iqhinga lokusebenza komNyango likhuluma ngokuthi kumele kuthuthukiswe ezocwaningo ngakho uma ososayensi behlangana babonise lokho kuyosho ukuguquka ngokushehsa komkhakha wokwelashwa kwezilwane.

Ucwaningo, ngezindlela uNgqongqoshe womNyango uCyril Xaba agqugquzela ukuba umNyango ugxile uze kugwemeke ukungahambi kahle kwemisebenzi eyenziwa emphakathini ngenxa yokungenziwa kocwaningo.

Izingqungquthela ezifana nalezi zokhombisa ngokusobala uzinikela komNyango ekwenzeni umsebenzi wawo kangcono, kusetshenziswa ulwazi nobuchwepheshe lwakamuva ngengoba kuhle kugqugquzela uNgqongqoshe ngokubaluleka kokwenziwa kocwaningo.



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

RAPE IS A CRIME

365 Days Anti-Women Abuse Campaign

UKUDLWENGULA KUYICALA

#NOCONSENTNOSEX



IGIDIGIDI KUGUJWA ISIGIDI SABADLA IMISHANGUZO

“Ukukhishwa kwalemishanguzo sekulethe ithemba kubantu. Sekukhombisile ukuthi ukutholakala negciwane le-HIV akusona isigwebo sokufa,” kusho uDkt Dhlomo.

AGIZA HLONGWANE

Kuqhume umkikizo nengoma ngesikhathi uNdunankulu waKwaZulu-Natal, uMnuz Senzo Mchunu noNgqongqoshe wezeMpilo uDkt Sibongiseni Dhlomo behambele eRichmond ukuzobungaza ukufika kwalesi sifundazwe esibaweni esiyesigidi sabadla imishanguzo yesandulela ngculazi. UMnyango wezeMpilo uqoke indawo yase Richmond ukwenzela kuyo lomcimbi ngoba umtholampilo wakhona waba ngowokuqala owagunyazwa ukukhipha imishanguzo yeHIV kuzwelonke. Bekuphume nesinedolo emphakathini waseRichmond ukuzothamela lomcimbi, kanti phakathi kwezicukuthwane bekubalwa i-Meya yase-Richmond, uCllr Andrew Ragavaloo, eyase Mgungundlovu uCllr Yusuf Bhamjee, i-US Consul General u-Frances Chisholm, abakwa Treatment Action Campaign kanye nabanye. Ekhluma kulomcimbi, uDkt Dhlomo uthe baningi abantu abathatha imishanguzo yegciwane lengculazi kanti izimpilo zabo azisekho engcupheni njengakuqala ngenxa yokulandela imigomo yalemishanguzo. Lapha kuphinde kwabungazwa iqhaza elibanjwe abahlengikazi ekuhlizakeni umphakathi ngalemishanguzo, ngaphansi kohlelo lwe-Nurse Initiated Management of Antiretroviral Treatment (NIMAART). “Ukukhishwa kwalemishanguzo sekulethe ithemba kubantu. Sekukhombisile ukuthi ukutholakala negciwane le-HIV akusona isigwebo sokufa,” kusho uDkt Dhlomo.

Phakathi kwemisebenzi emihle kubalwa:

- Ukusokwa kwabesilisa abawu-641 000 kusukela kwaqalwa uhlelo lokusokwa kwabesilisa okuphephile (Medical Male Circumcision);
- Ukuthi ziwu-618 izikhungo ezihlizenza umphakathi



Abantu base-Richmond babukeke bekujabulele ukuvakashelwa wuNdunankulu waKwaZulu-Natali uMnuz Senzo Mchunu, obephelezelwa wu-Ngqongqoshe wezeMpilo uDkt Sibongiseni Dhlomo, neMeya yaseMgungundlovu uCllr Yusuf Bhamjee

ngemishanguzo, ekanti lokhu kwenziwa abahlengikazi abawu-1722 abaqeqeshwe ngaphansi kohlelo lwe-NIMART;

- Ukuqala ukunika imishanguzo abantu abane-CD4 count ka 500 kuya ngaphansi. Lesi sibalo kikhushulwe sisuka ku-350, ekanti sasikade sisuka ku-200;
 - Ukuqinisekisa ukuthi bonke abesimame abazithwele bathola imishanguzo yokulwa negciwane le-HIV, ngale kokubheka i-CD-4 count yabo;
 - Ukwehliswa kwesibalo sabantwana abatheleleka ngegciwane lesandulela ngculazi sisuka ku- 22% ngo-2008, siya ku-5% ngo-2010, ekanti manje siku, 1,3%.
- UNdunankulu Mchunu uncome ibanga eselihanjwe yi-KwaZulu-Natal kulempi yokulwa nokubhehetheka kwegciwane lesandulela-ngculazi.

Ube esenxusa wonke umuntu waKwaZulu-Natal ukuba ajwayele ukuyohlolwa izifo okungenani Kanye ngonyaka. Uthe lokhu kusiza ngoba uma izifo zisheshe zabonakala kuba lula ukuzelapha, noma ukuzengamela, ekanti futhi kushibhile.

“I-KZN iyona ehamba phambili ngegciwane lengculazi kuzo zonke izifundazwe zaseNingizimu Afrika, ingakho singuHulumeni waKwaZulu-Natali sibone kubalulekile ukuthi sisebenzise konke esinako kulolu hlelo olulwisana negciwane lengculazi.


Yileso sizathu esenza iKwaZulu-Natali ikwazi ukubungaza abantu abayisigidi abadla imishanguzo.”

Uqhube wathi uma abantu bethatha imishanguzo yabo ngendlela efanele futhi bephila ngokuzinakekela, banyusa iminyaka abangayiphila emhlabeni.

Uphethe ngokunxusa abantu baKwaZulu-Natal baqhubeke nokusebenza ngokubambisana ekulwisaneni lanesifo.



UNdunankulu waKwaZulu-Natali uMnuz Senzo Mchunu, noNgqongqoshe wezeMpilo uDkt Sibongiseni Dhlomo Kanye noMnuz Patrick Mdletshe




health
Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL


STOP TB in my lifetime

HELP US TO FIGHT TB AND LIVE A HEALTHY LIFESTYLE


Eat healthy food 3 times a day.




Drink lots of clean water.




Visit your clinic regularly.




Stop smoking, drinking and taking drugs.




Have regular exercise and rest.



Get plenty of fresh air and sunshine : open windows to let sunlight & fresh air in, try to avoid overcrowding.



Know your HIV status. Get tested. Practise safe sex.



FIGHTING DISEASE, FIGHTING POVERTY, GIVING HOPE



Ibhodi elikhulukazi eliqwashisa ngobungozi bokuchithwa kwezis u ngendlela engekho emthethweni, elethulwe ku-Dkt Chota Motala

KWETHULWE UMKHANKASO WOKULWA NOKUCHITHWA KWEZISU OKUNGEKHO EMTHETHWENI

“Phansi ngokuhushulwa kwezis okungekho emthethweni” Beziphinde zinikezele nangamapheshana anolwazi lokuchitha izisu okusemthethweni.

AGIZA HLONGWANE

Bangaphezu kuka-12 000 abesimame ababe nezinkinga zezempilo kulandela ukuchitha kwabo izisu emigwaqeni nasezindaweni ezingekho emthethweni onyakeni ka-2014/15 uwodwa nje.

Ekanti ukwenyuka kwalesi sibalo esukholele uMnyango wezeMpilo ukuba wethule ngokusemthethweni umkhankaso wokuqwashisa ngalesi sikhava, nokwazisa umphakathi ngezindlela eziphephile zokwenza lokhu.

Lo Mkhankaso ubandakanya uwethulwa kwamabhodi amakhulukazi (billboards) awu-21 aqwashisa ngobungozi wezeMpilo, uDkt Sibongiseni Dhlomo, ubezibambe mathupha ehola imashi emigwaqweni yedolobha uMgungundlovu, kanti ubehambe ekhipha izikhango zabahushula izisu. Ethula inkulamo yakho, uDkt Dhlomo uchaze odokotela-mbumbulo abahushula izisu ngokungemthetho ngenga “babulali bezempilo” (health murderers). “Kusikhathaza kakhulu ukuthi nakuba iNingizimu Africa inemithetho emihle yokuchithwa kwezis, kodwa iseyisizinda lapho abanye besifazane bekhetha ukuchitha izisu ngokungemthetho.

Kuyadumaza kakhulu ukuthi emva kweminyaka eyishumi nesishiyagalombili kwathula umthetho wokuchithwa kwezis ngo-1996 i-Choice of Termination of Pregnancy Act, kodwa abesifazane bayashona ngenxa yokuthi bakhetha ukhushula izisu ezindaweni ezingaphephile.”

UDkt Dhlomo uthi abagugquzela abantu ukuba bahushule izisu

ngendlela engekho emthethweni bafana nababulali uqobo. Uthe kumanje uMnyango ugugquzela abasebenzi bezempilo emitholampilo kaHulumeni kanye ukuba babemukele abazocela usizo. “Okunye esikugugquzelayo ezisebenzini zoMnyango wethu ukuthi uma ngabe kufika noma ngabe ingane yakwamakhelwane izofuna usizo lokuchitha izisu bengalokhu bengayehluleli kapha kumele bayisize njengoba lokho sikubona njengezinye zezimbangela ezenza abantu abasha ikakhulu begcina sebeya ezindaweni ezingekho emthethweni ukhushula izisu.”

Emva kokwethulwa ngokusemthethweni kwebhodi eliku-Dr Chota Motala Road ngakuthelawayeka u-N3, imashi ibe isiqhubekela e-Rank yamatekisi eMasukwana yakhuphuka njalo ngo-Church street lapho khona uDkt Dhlomo kanye nezisebenzi zezeMpilo ngaphansi kweso lamaphoyisa kamasipala wase-Mgungundlovu bebesusa khona imibhalo ekhangisa ngokuhushulwa kwezis okungekho emthethweni.

Abasebenzi bezeMpilo bebhetha izingqembu ebezinemibhalo ethi: “Phansi ngokuhushulwa kwezis okungekho emthethweni” Beziphinde zinikezele nangamapheshana anolwazi lokuchitha izisu okusemthethweni.

Lemashi bekubonaka uMphakathi uyithakasele kakhulu njengoba umyalezo ubucace bha. Lomkhankaso usazoqhubekela ku-Gu District, Amajuba, kanye nakwezinye izindawo.



health
Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

QAPHELA LEZIKHANGISO

**IZIKHANGISO ZOKUHUSHULWA
KWEZISU EZINAMATHISELWE
EZINDONGENI NASEZIGXOTSHENI
EZITHEMBISA INDLELA EPHEPHILE,
ENGENA BUHLUNGU, YENANI
ELIPHANSI, NESHESHAYO.**

ISEXWAYISO

Ungayi kodokotela mbumbulu abathembisa:

- Ukukunika iphilisi lokuhushula izisu ngisho sekweqe amasonto ayisishagalolunye
- Ukukusiza ngaphandle komtholampilo ngisho emkhukhwini
- Ukukunika iphilisi ngisho nihlangene ezindaweni ezicashile
- Ukukunika uketshezi oluyingozi elinezinto ezifana no-jik, itiye noma amaphilisi angakhishiwe ngokomthetho.
- Ukukudayisela iphilisi lokuhushula izisu kwi-internet.



SILWA NEZIFO, SILWA NOBUBHA, SINIKA ITHEMBA

UMSINGA UZOPHENDULWA UMTHOMBO OZOPHAKELA IKWAZULU-NATALI NGEZIMBUZI

Emva kwempumelelo yokubamba indali yezimbuzi kulendawo siphinde saqeqesha futhi saqasha abeluleki bokuphathwa kwemfuyo abangaphezu kuka 100.

BUYANIMA-AFRIKA MKHULISE NO BRENDA MQWAMBI

Amaphupho okuphendula indawo yaseMsinga ukuba ibe ngumthombo okhigiza izimbuzi esiFundazweni saKwaZulu Natali aqalile ukufezeka kulandela ukusayindwa kwesivumelwano sokusebenzisana phakathi kukahulumeni kanye nezinhlangano ezizimele ngempelasonto edlule.

Lesi sivumelwano esaziwa nge Goat Production Masterplan, nesinemali yokusebenza engu R6.2 million, sibophezela ebudlelaneni umNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMaphakathi yaseMakhaya(DARD), owokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya kanye noKwabiwa kweMihlaba (RD&LR), uMdukatshani Rural Development Trust (MRDT) kanye neHeifer International (HI) ngenhloso yokuthuthukisa inani lalemfuyo ukuze kuhwetshwe ngayo.

UMnu. Mandla Zondi, ongumphathi jikelele obambile wesizinda sezoLimo esiseNkabenini yesiFundazwe, ekhuluma emhlanganweni wokuqalisa ubudlelwano uthe lesi sivumelwano singumphumela wocwaningo olunzulu olwenziwe ngumNyango oluthole ukuthi indawo yaseMsinga inamathuba amahle okuhweba ngempumelelo uma abafuyi bengagxila ekufuyeni izimbuzi kunoma bafuye izinkomo.

“Ucwaningo lusivezele ukuthi amadlelo emfuyo eMsinga ngokwemvelo awavumi nokwenza ukufuya izinkomo kube nezingqinamba. Kepha lolu cwaningo lusivezele ukuthi lendawo inothile ngezihlahla zemvelo nekuyizo lezi amacembe azo adliwa yizimbuzi ngisho noma ngabe kusebusika kumbe kunesomiso,” kusho uZondi.

UZondi uveze ukuthi lolucwaningo luphinde lwaveza ukuthi uMsinga uwodwa nje unezimbuzi ezibalelwa ku 300 000 lokho okusho ukuthi lendawo ikulungele ukufuya nokuhweba ngezimbuzi yize isimo sesomiso



Ucwaningo luveza ukuthi indawo yaseMsinga inezimbuzi ezibalelwa ku 300 000 lokho okusho ukuthi lendawo ikulungele ukufuya nokuhweba ngezimbuzi ngempumelelo. Uma nje abafuyi bengagxila ekufuyeni izimbuzi kunoma bafuye izinkomo, iphupho lokuphendula lendawo ibe ngumthombo okhigiza izimbuzi KwaZulu-Natali lingafezeka kalula.

nezinye izifo ziqhubeka nokubulala amazinyane ezimbuzi amaningi.

“Umsebenzi walobu budlelwano esibuyala lapha namuhla ukuxazulula inkinga yokufa kwamazinyane, ukucwaninga ukuthi singakuphendula kanjani ukufuywa kwezimbuzi kube yibhizinisi siphinde sifune izimakethe zezimbuzi kanye nemikhiqizo yazo,” kuchaza uZondi.

NgokukaZondi, ingxenye ezodlalwa ngumNyango kulobu budlelwano ukuhlinzeka abaluleki bokuphathwa kwemfuyo, uphenye ukuthi angakhiwa kuphi amadela, ubheke ukuthi kungenziwani ukuze abantu bathande futhi bathenge inyama yembuzi njengoba bethenga eyenkomo neyesiklabhu kakhulukazi. Uqhube wathi abafuyi bazoqeqeshwa ekuphatheni

imfuyo, basekelwe kuzo zonke izigaba zokufunda, bahlinzekwe ngezinsiza kusebenza bese kuthi iNyunivesi yaKwaZulu Natali (UKZN) kube yiyo ezohola ucwaningo oludingekayo iphinde ikhiphe imifundaze ezohlonyulwa yintsha enentshisekelo yokusebenza kulolu hlelo.

UMnu Ben Thabethe, onguMphathi wophiko lweRural Development Enterprise emNyangweni we RD&LR uthe ucwaningo olwenziwa yi DARD yilo olwaholela uphiko lwake ukuba lwakhe ingqalasizinda yokuhweba ngezimbuzi esendaweni yaseBhubesini. Lendawo isiqophe umlando ngokubamba ngempumelelo indali yezimbuzi yokuqala eNingizimu Afrika.

“Emva kwempumelelo yokubamba indali yezimbuzi

kulendawo siphinde saqeqesha futhi saqasha abeluleki bokuphathwa kwemfuyo abangaphezu kuka 100.

Laba beluleki batholakala kuwo wonke amadiphu lapho bebhekelela ukuphila kwemfuyo mihla yonke,”kusho uThabethe.

UGugu Mbatha ongumphathi wezinhlalo kwi MRDT uthe eyabo ingxenye igxile ekuthuthukisweni nasekudaleni amathuba enza ukuthi izakhele imali.

“UMdukatshani wona uqeqeshe intsha ekunakekelweni kwemfuyo waphinda wayinika amathuluzi okunakekela imfuyo.

Siphinde sabaqeqesha ekwakhiweni kwamatshe angumsoco akhothwa yimfuyo ukuze amasosha emzimbeni wazo akwazi ukulwisana nezifo. UGugu uthe yilo leliqhuzu

eselenze umehluko omkhulu okunqandeni kokufa kwamazinyane waphinde wathi intsha isiyakwazi ukuzakhela leliqhuzu iphinde ilidayisele abaninini bemfuyo.

Uphethe ngokuthi uMdukatshani unezinhlalo zokuqalisa uhlelo lwentsha lokushuka izikhumba eziyinala eMsinga ukuze kuhwetshwe ngazo.

“Okwamanje abantu badayiselana ngezikhumba ngenani eliphansi kepha thina siyazi ukuthi isikhumba esishukwe ngendlela eseqophelweni elifanele sibiza kusukela R2000 kuya phezulu.

Yingakho sicabanga ukuthi kungaba yibhizinisi elihle lokuthi intsha izakhele imali ngalo.”kusho uGugu.



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI



www.kznonline.gov.za

SPOUSAL OFFICE

PREMIER SUPPORT

“SIDIDIYELA INQUBEKELA PHAMBILI ESESIYIZUZILE,
NOKUKHUPHULA IZINGA UKUZUZA IZINGUQUKO
KWEZENHLALO NEZOMNOTHO

UKUZE SIQEDE **INDLALA** KULESI SIKHATHI SAMANJE”

Mama wesiFundazwe saKwaZulu-Natal
uNkk Thembeke Mchunu



UNdunankulu wakwaZulu-Natal Mnzu Senzo Mchunu ehambisana noNkoisikazi Nomusa Dube-Ncube ophathiswe ezoHulumeni basekhaya nezeNdabuko behambele umama Ximba eMnzini wakhe ongumunye ohlomule ekufakelweni ugesi esigodini senkosi Dhlomo eMakhabeleni ward 6, Umvoti Municipality. **Isithombe: ZANDILE SHANGE**

UMPHAKATHI WASEMAKHABELENI EMVOTI USUNOGESI

Uma loluhlelo lokufakwa kukagesi seluphothuliwe kuzozuza abantu ababalelwa ezinkulungwaneni eziyishumi nambili.

MAHLATHI TEMBE

Kuqopheke umlando endaweni yaseMakhabeleni eKranskop ngoMgqibelo ngenkathi uNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnumzane Senzo Mchunu ethula ugesi kumphakathi wendawo. Ubephelezela amalungu esiGungu sakhe uNkoisikazi Nomusa Dube-Ncube ophathiswe ezoHulumeni basekhaya nezeNdabuko kanye noNkoisikazi Ntombikayise Sibhidla-Saphetha ophathiswe ezobuCiko nezemiDlalo. Ekhuluma kumphakathi wendawo uNdunankulu uMacingwane udalulele umphakathi ukuthi kusetshenziswe imali ebelela ezigidini ezingamashumi amane zamarandi. Uma loluhlelo lokufakwa kukagesi seluphothuliwe kuzozuza abantu ababalelwa ezinkulungwaneni

eziyishumi nambili. Kwethenjwa ukuthi kuyothi kuphela inyanga kaMashi wonyaka ozayo kuyobe sekukhanya yonke indawo. UMacingwane wengeze ngokuthi, “UHulumeni waKwaZulu-Natal uhamba ngesikhulu isivinini ukuqinisekisa ukuthi bonke abantu balapha KwaZulu-Natal bayawuthola ugesi. yadiliva. Siqale eXopo eBuhlebezwe sawufaka ugesi khona. Indawo esikhathazyo kakhulu uMhlabuyalingana enama connections amancane kakhulu esizama ukubhekana nayo ngqo. Aseneme neze ngesibalo esincane semizi enogesi kuleya ndawo. Umyalezo namhla esiwulethile uthi uHulumeni waKwaZulu-Natal uma wenze isethembiso uyasiveza. Uma senza esinye isethembiso

kwenye indawo sizosiveza.” Kwaduma elikhulu ihlombe kumphakathi owawubulala inyoka ezinkundleni zemidlalo iVukaphansi engaphansi kumaMasipala waseMvoti. Uhambo lukaNdunankulu luqale ngokuvakashela imindenini emibili lapho ugesi usukhanya khona. OkaMacingwane watshela umphakathi ukuthi isalukazi sathi noma sesingafa kulungile ngoba sekunogesi endlini. “Manje uma ufuna ukupheka itiye uvele utoboze odongeni. Uma ufuna ukupheka ukudla uvele utoboze odongeni. Uma ufuna uku ayina uvele utoboze odongeni. Lena intuthuko eniyibona ngamehlo.” Esebhakise enkosini yendawo uveze ukuthi uyikhonze kakhulu nabantu baseMakhabeleni. Uveze ukuthi bakhona abantu abathi intuthuko bayigcina

ngenkathi ilethwa uNgqongqoshe uDumisani Makhaye. Esephelela inkulumbi yakhe ubuye wathinta udaba olusematheni lwesomiso waveza ukuthi bayambonga kakhulu

uHulumeni ngokuba athathe isiFundazwe saKwaZulu-Natal njengesikhahlamezekile. Uveze ukuthi kukhona imali ezohlangabezana nalesisomiso.



RAPE IS A CRIME

365 Days Anti-Women Abuse Campaign

UKUDLWENGULA KUYICALA

#NOCONSENTNOSEX



BAVULEKE AMEHLO ABAFUYI NGEBHIZINISI LOKUGUNDWA KWEZIMVU

Umfelandawonye iThandabantu, isisabalalise ukudayiswa komkhiqizo wayo njengoba sekukapakele nekwezinye iziFundazwe.

LONDIWE NGIDI

Ubudala abumthenanga amandla uMnumzane Tsepang Molefe wase Nquthu ukuqala ukuba umfuyi nomgundi wezimvu eseniminyaka engu 53 eminyakeni eyishumi nambili eyedlule.

UMnumzane uMolefe ungusihlalo womfeladawonye owaziwa ngeThandabantu osendaweni yaseHaladu eNquthu okuwumfeladawonye ogxile kakhulu ekufuyeni izimvu.

Lokhu kuvele ngosuku obeluhlelwe umNyango ukuba abafuyi bacobelelane ngolwazi namathuba akhona ekufuyweni kwezimvu. Isipiliyoni sika Mnumzane uMolefe sibonakala ebuchwephesheni abukhombisayo uma ekhombisa indlela okumele kugundwe ngayo imvu ukuze uvolo wayo ukwazi ukudayiseka.

Phezu kwalokho indlela ekhombisa ngayo ulwazi ngomsebenzi wakhe ishiye abafuyi abaningi bebambe ongenzansi uma bebuka ubudala bakhe nobuchwepheshe nesineke anaso uma esebenza. Ukuqeqeshwa kwabafuyi kuqhubeka endaweni

eyakhiwa uMnyango ukusiza labafuyi babe nendawo yokugunda izimvu zabo futhi bakwazi nokusizana ukwenza lo msebenzi ngendlela eyiyo besizwa nangabeluleki bemfuyo.

Lesi sakhwiwo soMnyango singakwazi ukumumatha umkhiqizo kavolo wezimvu ezingu 3000 ngosuku.

Lokhu kubaluleke kakhulu ngenxa yokuthi abalimi abasafufusa uma sebhloniwe kahle ngolwazi bakwazi ukuhambisa uvolo wabo ezimakethe ezinkulu eNingizimu Afrika futhi bakwazi ukuwudayisa ezingeni elamkelekile, benze inzuzo ngawo.

Umfelandawonye iThandabantu, isisabalalise ukudayiswa komkhiqizo wayo njengoba sekukapakele nekwezinye iziFundazwe.

Kumanje inesivumelwano esiqhubekayo sokuhwebelana ngovolo nenhlango eyaziwa ngePKB ezinze eBhayi.

Kumangaze abalimi ukuzwa ukuthi imvu eyodwa ingakwazi ukwenza inzuzo engaphezu kuka

R2000 ngokudayiswa kukavolo wayo uma usezingeni eliphezulu.

UMnyango usukhathule indima enkulu ukuqinisekisa ukuthi lo msebenzi wezimvu uyaqhubeka njengoba usiza labalimi ngokuqeqeshwa, ukubakhela izindlu zokugunda izimvu zemali elinganiselwa ku-R1.3 wezigidi.

UMnyango uphinde uqinisekise ukufundisa abafuyi ngendlela eyamukelekile ukusebenzisa izithako nemithi esiza ukugcina izimvu ziphilile.

Lokhu kusiza kakhulu abafuyi ukuba bangacini sebegulisa noma belimaza imfuyo ngemithi ngenxa yokuswela ulwazi nobuchwepheshe bokusebenza kwemithi okungaholela nasekuhlulekeni kokukhiqiza umkhiqizo olindelekile.

Phambilini bekunzima kubalimi abasafufusa ukuhamba nezimvu zabo ukuyozigunda ngenxa yamagushedi akude.

Ukungenela komNyango sekwenze abalimi bawubona ukhula umsebenzi wabo kwabanika nogqozo lokubamba iqhaza elibonakalayo kulendima



UMnumzane uTsepang Molefe ekhombisa abafuyi ngendlela ephephile yokugunda izimvu

engajwayelekile kubafuyi abamnyama. Okusiza kakhulu abalimi ukuthola usizo lokwalulekwa oluqhubekayo oluvela emNyangweni.

Izimvu ezibuyisa imali eningi uma kuhwetshwa ngovolo ngezohlobo lwe-Don merino.

Lolu hlobo lwemvu lukwazi ukumelana nesomiso kanye nokubanda okukhulu.

Abeluleki bakhumbuze abafuyi ngokubaluleka kokuzalanisa izimvu zibe ziningi ukuze kube khona ezizogundwa kudayiswe uvolo ngesikhathi sonyaka sokugundwa kwazo.

Kuyasiza uma izimvu zithola ukudla okusezingeni eliphezulu ukuze kwakheke uvolo oyikhwalthi, nomkhiqizo oyikhwalthi eyamukelekile ezimakethe kuphinde kusize ekwandeni kwezimvu ezisezingeni lokungenisa inzuzo.

UMnuz Tsepang Molefe, ongumfuyi wezimvu, uthi: "Umkhakha wokugunda izimvu umkhakha onganakekile kodwa oletha imali eningi.

Kubalulekile ukuthi abalimi bezimvu bayinakekele imfuyo yabo ukuze izokwazi ukukhiqiza uvolo oyikhwalthi baphinde basebenza ngokuzikhandla ukuze bathole nemiphumela esezingeni."

Kugcizelela uMolefe. Kuwumbono kaNgqongqoshe



agriculture
& rural development

Department:
agriculture
& rural development
PROVINCE OF KWAZULU-N



UMNU. CYRIL XABA

uNgqongqoshe: wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali

NGOKUBAMBISANA SESENZE IKWAZULU-NATALI YABA ISIFUNDAZWE ESINGCONO UKUPHILA KUSO

UMHLANGANO WOKUDINGIDA UHLELO LOKUBHEKANA NESOMISO ESIHLASELE IMFUYO KWAZULU NATALI

UMphathiswa wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu Natali, uMnu. Cyril Xaba, uzoba nomhlangano namalungu ezigungu eziphezulu ezinhlangano zabanini bemfuyo, ezobisi kanye nenyama lapho kuzobe kudingidwa iqhinga lomNyango lokubhekana nesimo sesomiso esihlasele isiFundazwe saKwaZulu Natali. Lomhlangano uzoba seThekwini, mhlaka 21 kuNovemba 2015.



KwaZulu-Natal Department of Agriculture and Rural Development



@KZNDARD



www.kzndard.gov.za



Ngenkathi iNhloko yoMnyango wezokuThutha uMnuz Sibusiso Gumbi ngokuhlanganyela neMeya yaseMlalazi uKhansela Thelimoya Zulu noPastor Beatrice Nhleko bebeka izimbali emgwaqeni u-R66 lapho kwaphelela khona izintombi ezaziphuma emkhosini woMhlanga.
Isithombe: SBU ZUNGU

UNGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA UFUNA KUBUTHWE INTSHA EZOKULWA NEZINGOZI ZOMGWAQO

Njengamanje kunezicelo ezingu-89 ezisasetshenzwa. Abantu abafake izicelo ngabaseNkandla abayishumi, abaseShowe abangu-21, abaseMelmoth abangu-18, nabaseBabanango abangu-40.

U Ngqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natal, uMnuz Willie Mchunu usephonsele inzelelo intsha ukuba kube yiyona efolosayo emkhankasweni wokulwa nezingozi zomgwaqo. Ngempelasonto edlule uMchunu uhambele indawo yeseShowe lapho bekunomcimbi oqondaniswe nosuku lokukhumbula abayizisulu zezingozi zomgwaqo emhlabeni jikelele, iWorld Remembrance Day. Ngo-2005 i-United Nations, neNingizimu Afrika eyilungu layo, yamemezela ukuthi usuku lwangeSonto lesithathu kuNovember minyaka yonke luzokuba ngolwe-World Day of Remembrance, kukhunjulwe ngalo abantu abathintekile ngezindlela

ezahlukene ngezingozi zomgwaqo. Indawo yaseShowe ingenye yesezike zaba nezingozi eziningi, ikakhulukazi emgwaqeni omkhulu u-R66 njengoba ngonyaka ka-2013 kwashona izintombi engozini yebhasi ezazihamba ngalo ziphuma emkhosini woMhlanga eNyokeni KwaNongoma. Ethula inkulumbo kulo mcimbi obusezinkundleni zemidlalo eNtumeni, uMchunu uthe izibalo ezivelayo manje zithi amaphesenti angu-80 abantu abafayo emigwaqeni kuba ngabesilisa abaphakathi kweminyaka engu-19 no-34 ubudala. “Lokhu sekuletha enye i-trend njengoba la bantu befa behamba ngezimoto ezincane, hhayi amatekisi njengoba bekwenzeka phambilini. Iningi lalezi zingozi lenzeka ngezimpelasonto. Izinto

ezintathu eziphambili ezivela njengembangela kuba ukudakwa, ijubane nokusika endaweni engafanele,” kuchaza uMchunu. Uqhube wathi kuyacaca ukuthi umkhankaso kumele ubhekiswe kakhulu manje nakubantu abasha “uma sifuna ukuqinisekisa ukuthi ikusasa lezwe lethu silibhekelela kuseyimanje.” “Konke lokhu kwenzeka ngesikhathi izwe noHulumeni ukhuluma ngenkululeko yezomnotho ikakhulukazi entsheni yakithi. Ngempela sidinga ibutho lentsha esizofolosa ngalo kule mpi yezingozi zomgwaqo,” usho kanje. Kuwona futhi lo mcimbi uMchunu uqhubekile nokwenza umehluko ezimpilweni zabantu abayizisulu zezingozi zomgwaqo ngokuqinisekisa ukuthi laba

bayaluthola usizo olufanele ezinhlangeni zikaHulumeni ukuze bathobekwe namanxeba ngokomphefumulo. Lokhu uMchunu ubekwenza ngaphansi kohlelo aluqala eminyakeni emihlanu edlule lapho ebheka izinto ezahlukene kuhlangukisa nokuqinisekisa ukuthi abathintekile bayakuthola konke okuyizibonelelo zikaHulumeni ezibafanele. Kulolu hlelo kunethimba loMnyango elisebenzisana neminye iminyango ethintekayo njengowezeMpilo nokwezokuThuthukiswa koMphakathi kanye nabe-Road Accident Fund (RAF), ukuba bahambela zonke izingxenye zesiFundazwe bathole abantu abanezingqinamba ekutholeni usizo. “EHhovisi lethu lalapha

eShowe kusukela kuqale lo nyaka KA 2015 sekunezinxephezelo ezifinyelela ngaphezulu kuka-R3.4 million esezikhishwe ngabakwa-RAF ngokulekelelwa yilolu hlelo loMnyango. “Njengamanje kunezicelo ezingu-89 ezisasetshenzwa. Abantu abafake izicelo ngabaseNkandla abayishumi, abaseShowe abangu-21, abaseMelmoth abangu-18, nabaseBabanango abangu-40. “Akekho umuntu okumele ajabule ngezinzombolo eziningi kangaka. Sidinga ukubona zehla lezi zinombolo zehliswa wukwehla kwesibalo sabantu ababa yizisulu emigwaqeni yethu. “Kodwa futhi ngeke singakubongi ukuthi kube nesibalo esikhulu sabantu abafinyelela kuHulumeni bathole usizo olubafanele,” kuphetha uMchunu.



transport
Department:
Transport
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

Mr. T.W. Mchunu
MEC: Transport,
Community Safety & Liaison





NGOKUBAMBISANA, SENZE IZIMPILO ZABANTU ZABA NGCONO

UNDUNANKULU WAKWAZULU-NATAL UHAMBELE UMASIPALA UGU ENDAWENI YASEVULAMEHLO



■ UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Senzo Mchunu uhambele umasipala UGu endaweni yaseVulamehlo ku Ward 7, Ovumaneni Sports Complex, lapho ebephahlwe khona nguNgqongqoshe wezemiHlaba nezoLimo uMnu Cyril Xaba, noNgqongqoshe wezokuThuthukiswa Komphakathi uNkk Weziwe Thusi, kanye noNgqongqoshe weZemfundo uNkk Peggy Nkonyeni.

UNdunankulu ube esevakashela umlisa ogama lakhe lingu Mbhekhiseni Ncwane nalapho abone khona isimo sempilo esingagculisi lomlisa aphila ngaphansi kwaso kanti futhi uhlala emzini owakhiwe ngodaka, akanamanzi no kudla futhi akasebenzi.

UMBhekhiseni unxuse UNdunankulu ukuba amsize ngokuthuthukisa impilo yakhe ukuze naye azizwe engumuntu ongcono.

UNdunankulu unike lomlisa ukudla wakhuluma naye ngesimo sempilo yakhe nokuthi uzomsiza kanjani.



UHulumeni waKwaZulu-Natal

Uzohambela eThekwini Metro ngaphansi kohlelo luka Operation Sukuma Sakhe

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu. Senzo Mchunu kanye noNgqongqoshe besiFundazwe bazohambela amaWadi angu 15 ngaphansi kwaseThekwini Metro ngaphansi kohlelo luka-Operation Sukuma Sakhe. Injongo yokuvakashela loMasipala ukuyohlola nokwethula izinhlelo zentuthuko, ukuxoxa nomphakathi mayelana nezingqinamba abahlangabezana nazo ezidinga ukungenelela kukaHulumeni kanye nokubona ingqubekela phambili yezinhlelo esezilethwe nguHulumeni kumphakathi ongaphansi kwaseThekwini Metro.

Lemicimbi ihlelwe kanje: **25 November 2015 • Isikhathi: 09h00 ekuseni**

IWADI	INDAWO	UNGQONGQOSHE
Ward 56	Ngoqokazi Community Hall	Hon. Premier ES Mchunu (OTP)
Ward 38	Ntuzuma A Hall	MEC TW Mchunu (Transport, Comm Safety & Liason)
Ward 54	Newtown C Sports Ground	MEC P Nkonyeni (DOE)
Ward 43	Ntuzuma F Hall	MEC M Mabuyakhulu (EDTEA)
Ward 37	Westridge Sports Ground	MEC WG Thusi (DSD)
Ward 47	KwaMashu L	MEC SM Dhlomo (DOH)
Ward 11	Quarry Heights Field	MEC N Dube- Ncube (COGTA)
Ward 44	Ezibomvini Sports Ground	MEC Sbhidla Saphetha (DAC,DSR)
Ward 52	Phoenix Community Center Hall	MEC R Pillay (DPW & HS)
Ward 53	Amawoti Hall	MEC VC Xaba (DARD)
Ward 49	Rydalvale Sports Ground	MEC BF Scott (Finance)
Ward 56	Ngoqokazi Community Hall	Cllr. James Nxumalo (Mayor)

Mayelana neminingwane egcwele thintana nobuholi bangakini. Izinsiza zikaHulumeni zizobakhona. ONgqongqoshe bazonikwa ithuba lokuhambela wonke amawadi angu 15 eThekwini Metro.

KwaZulu-Natal Masisukume Sakhe!!!

216 DAYS

of Activism

for no violence against
Women and Children

I protect my sister and my wife. Count me in. I love my family.
I speak out against Gender Based Violence. Count me in. I will not deny my children education and shelter.
I care for the safety of women and children. Count me in. I don't bully others. Count me in.
A happy family today is a healthy community tomorrow. Count me in. I will not call my partner names.
I care for the safety of women and children. I speak out against Gender Based Violence.
I financially provide for my family. I don't punch others.

countmein,!

together moving a non-violent
South Africa forward

25 November – 10 December

Together we move South Africa forward



REPUBLIC OF SOUTH AFRICA